basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## NOVEMBA 2017

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi angama-31.**

## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli/Ubuciko bomlomo | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

   - Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli/ubuciko bomlomo kanye neyomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| 1. 'UNoxolo/UNoluxolo' | Umbuzo omude | 10 | 6 |
| 2. 'Uthando' | Umbuzo omfushane | 10 | 7 |
| 3. 'Nyuvezi YakwaZulu' | Umbuzo omfushane | 10 | 8 |
| 4. 'Imfihlo' | Umbuzo omfushane | 10 | 9 |
| **KANYE** | | | |
| **Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.** | | | |
| 5. 'Sadalelwa Ukuhlupheka?' | Umbuzo omfushane | 10 | 10 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.**

| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| 6. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 11 |
| 7. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omfushane | 25 | 11 |
| 8. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 14 |
| 9. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omfushane | 25 | 14 |
| 10. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 16 |
| 11. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omfushane | 25 | 16 |
| 12. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omude | 25 | 18 |
| 13. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omfushane | 25 | 18 |
| **NOMA** | | | |
| **UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.** | | | |
| 14. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omude | 25 | 20 |
| 15. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omfushane | 25 | 20 |

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.**

| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| 16. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 25 |
| 17. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 25 |
| 18. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omude | 25 | 27 |
| 19. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 27 |
| 20. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omude | 25 | 29 |
| 21. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omfushane | 25 | 29 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| **ISIQEPHU** | **INOMBOLO YEMIBUZO** | **INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE** | **THIKA** |
|---|---|---|---|
| A: IZINKONDLO (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: INKONDLO (Engamiselwe) | 5 | 1 | |
| B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 6–13 | 1 | |
| B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 14–15 | 1 | |
| C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 16–21 | 1 | |

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**UNOXOLO/UNOLUXOLO – KNN Gcumisa**

Udumo lakho luyababazeka
Ufana namanz' apholil' ehla entabeni.
Upholil' uphuzisa bonke abakulangazelelayo,
Ubaph' ukujabul' imizimba yethakase
Bekufumene wena Mduduzi wabadumele.

Lapho kukhon' ukuheleza komoy' obandayo,
Lapho kugelez' igazi emaweni athambekileyo,
Izinyembezi zigeleza ingelezane,
Kubhekenwe ngeziqu zamehlo.
Imilomo ikhafula okumuncu kodwa
Kungazeki okumuncu kodwa
Kungazeki ngubani oyakusiza.

Munye kuphel' ongaba umsizi, UNoluxolo,
Oleth' injabulo kubo bonke abaxabeneyo,
Onhliziyo zabo zibamtoti, ngothando
Oluletha ukufudumala okungunaphakade.
Kuletha ukuthokoza okungeke
Kwalethwa yilutho ngaphandle
Kothando, umusa noxolo.

Phawula ngokuphumelela kwembongi ekwethuleni umqondo oqukethwe yile nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo yakho mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umqondo
- Ukuphawula ngokucaphuna izibonelo zomqondo wenkondlo
- Ukuveza uvo lwakho **[10]**

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UTHANDO – KNN Gcumisa**

Abasha badume nezothando,
Okwalolu thando kuyadumaza,
Ngalolu thando sebeyaziqhenya,
Abasaluhloniphi nokuluhlonipha
Sekungumdlalo wamagendo.

Laph'abantu abasha, bethi banothando,
Ibhungu linothando lwetshitshi,
Bahlulwa yini ukuzihlonipha?
Kungani bekhohlisana?
Bayaziqhayisa ngalo
Omunye ethi ungowomunye?
Izimbali zanamuhla zilahlekelwa
Ubumbali bazo ngokuphang'umdaka.
Ongaphangi mdaka ubukelwa phansi,
Akhishwe inyumbazane anyundelwe,
Ngokuqinisel'umvuzo uyakuwuzuza,
Ekugcineni ebuhlanzweni bayo iyabuyela.

Nalapho umzali eqhamuka,
Abantu abasha abasamazisi,
Kugcwalwa imigwaqo kungaziwa nanyaka,
Kumelwe emakhoneni, nasezigxotsheni,
Wena mzali awusenasithunzi.
Wo, yeka kusadliwa ngoludala!
Kusadliwa ngoludala
Lwaluhlonishw' uthando.
Uthando kwakungolweqiniso,
Uthando lwalungaqhayiswa,
Abantu abadala babehlonishwa.
Kungabe lolu thando
Intsha edume ngalo
Olweqiniso na?

2.1 Caphuna umugqa osebinzeni loku-1 oqukethe umqondo wokuthi abantu abasha sebeluthatha kalula uthando. (1)

2.2 Qhathanisa okungefani okushiwo imbongi emgqeni we-12 kuya kowe-15 nomugqa wama-23 kuya kowama-28. (3)

2.3 Chaza ithoni etholakala emgqeni wesi-8 kanye nowesi-9. (2)

2.4 Yini ehloswe yimbongi ngokukhethwa kwegama elidwetshelwe emgqeni we-13? (2)

2.5 Xoxa ngempumelelo yesu lombhali lokusebenzisa i-enjambamenti emgqeni wama-29 kuya kowama-31. (2)

**[10]**

## UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NYUVESI YAKWAZULU – LF Mathenjwa**

INgqungqul' eshay' amaphiko phezu koMhlathuze
UMhlathuze wakhophoza
Ukhozi oluvul'amaziphokazi ezintabeni zoNgoye,
UNgoye lwesaba nokulwehlela
Ubhakubha olungezindlu zinde zishay'ezulwini
Inkunz'egweba ngepensela ezinye zigweba ngophondo
Indab' engiyizwe ngimncane ngakhula ngayibona ngamehlo.

Umzondo abawunyathele KwaZulu ukunuka kwezwakala eXhoseni
Kuze kwasa abeSuthu kwaMshweshwe beqaqanjelwa amakhanda
Ilangab' elihangul' izikhotha zase-Afrika kwasha amabibi phesheya
Ngikhuluma namuhla o-*Cambridge no-Oxford* abawuval' umlomo
*O-Fort Hare no Turfloop* bakhwacel'
Imisidlan' okwengcanga ibon' ikhonde.

Gobhoza njalo mfula wolwazi uphuzis' i-Afrika
Ngifike isis' usimbonqo ngaphuma sesimaplakazana
Ngeswele ezinkulungwane ngangihuba ngikuhayele sibani soluntu
Izinkulungwane ezidlula kuwe aziwuvali chibi lolwazi
Bayingcosan' abaphuza kuwe kungacimeki ukoma.

Ngitshele mfazindini zingaki ezakho izimbiza?
Ngibuze kwelamaXhosa bangawuval' umlomo
KwelikaMabuza kaNgwane uyintokazi' eyisilomo
AbakoMshweshwe namanje beswel' imilomo

Uyadel' ophuze kuleso sizib' esinzonzo sakoNolwazi
Uphuthelwe ongacaphunanga kuleyo mbenge yolwazi.
Sizib' esimavivane sikaNomfundo noNompumelelo
Ngibe ngiyakugasela ngashaywa uvalo kwafik' isiyezi
Ngikubon' unyakaziswa' inkanyamb' uNolwazi
Intengo yezaqheqhe noju lwakho ingilethel' uhlevane
Ngitshele Nhlalamafini wena wakoNomfundo yini imfihlo yakho?

3.1 Nikeza igama lesifenqo esidwetshelwe emgqeni we-12 kuya kowe-13. (1)

3.2 Hlanganisa okufanayo ebinzeni lesi-4 nelesi-5 ukugqamisa indikimba yenkondlo. (3)

3.3 Chaza umoya wenkondlo oqukethwe umugqa we-16 kuya kowe-18. (2)

3.4 Yini inhloso yembongi ekusebenziseni ukuxhumana-okutshekile ebinzeni loku-1 emgqeni woku-1 nowesi-2? (2)

3.5 Yini eyenzekayo emizweni yakho lapho kuphindwa le misindo efanayo? Bhekisa empumelwelweni yokusetshenziswa kwefanamsindo u'ng' emgqeni wesi-7. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IMFIHLO – MH Mazibuko**

Mfihloni len' engaka,
Zinyanya zakithi nonkana sitsheleni,
Izinyanga nezanusi ziwachitha ziwaqoqe,
Kanti kufihlweni?

Nonesifuba ugcina esemchathazela umngani,
Le mfihlo ayinamngani nasihlobo,
Othuke wakwelamela okufihliwe uyihlab'inhlali
Nabantabakhe uthi bayozibonela kuhle kwabenyoka.

Abalele bayabuya ngamaphupho,
Balethe izinhlanhla nemikhokha,
Noma kunjalo sebeze baqumbelana,
Bengayithi vu ngenhlalo yabo,
Kukhulu esafihlelwa khona,
Yonke imithetho iyeqiwa, ujeze,
Munye vo ongasoze weqiwa
Lowo uthi, 'Ngamunye ngamunye wozibonela azizwele'
Nesichwensi asichwenseli ngakuwo.

Liba izindaba zakho ziyaxaka azixoxeki,
Akukho namunye onyonyobayo,
Azosihlebela ngenhlalo yangale,
Kukhulu okufihlwe ngale kwempilo yomhlaba,
Abanye bawuthumela igundane kepha kuwe lingelokothwe.

4.1 Nikeza igama eliyisihlonipho elitholakala ebinzeni loku-1. (1)

4.2 Chaza kafushane ukuthi amagama adwetshelwe awugqamisa kanjani umoya wale nkondlo. (3)

4.3 Bhala umbono wakho ngokusetshenziswa kwe-injambamenti etholakala emgqeni wama-15 kuya kwama-16. (2)

4.4 Chaza ngokusetshenziswa kwesimo sokukhuluma esisemgqeni wama-22 ukwethula umyalezo wale nkondlo. (2)

4.5 Hlolisisa okushiwo imbongi emgqeni wesi-9 kuya kowe-10. (2)
**[10]**

**KANYE**

**INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**SADALELWA UKUHLUPHEKA – JC Dlamini**

Ngiphakathi kwezitezi ezigwaza izulu
Ngigebisa ikhanjana ngizibukabuka;
Izinswenya zezimali zikinatelw' emabhangi,
Mina ngishaya ngonobhaqa kuklokloza isisu,
Ngilala ngivuke ngingakuthanga mbibi.

Insebenzwana ngukuphandela emuva,
Umsebenzi ngiyawuthola ngingawutholi
Abelungu bangidudula ngemikhaba, bheka!
Kodwa Nkulunkulu ngiyoze ngiphumulephi?
Okwethu okwezandla sadalelwa ukuhlupheka!

Besengikhohliwe, angidalwanga ngazalwa,
Abadalwa bokuqala babephelele ngokugcwele,
Ngokomzimba ngokwengqondo, ngokoMphefumulo;
Ngubuqili bukaSathane obeza nezinhlupheko,
Ofulathela ubuqili bukaSathane UYAPHILA.

Angiyeke ubuqili ngiphile ngokugcwele ngensebenzo,
Angiyeke umona ngiphile ngokugcwele ngobudlelwane,
Angiyeke inzondo ngiphile ngokugcwele ngoZENZELE!

[Icashunwe encwadini ethi: *Sadabuka Isizwe*, JC Dlamini]

5.1 Tomula imvumelwano etholakala ebinzeni loku-1 bese usho uhlobo lwayo. (2)

5.2 Nikeza kafushane umoya olethwa imifanekisomqondo emgqeni we-4 usebenzise amagama akho. (2)

5.3 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwe-okzimoroni ebinzeni lesi-2 kukwelekelele kanjani ekuqondeni isimo salo muntu? Sekela impendulo yakho. (2)

5.4 Humusha ukusetshenziswa kwemigqa evalekile emigqeni we-11 kuya kowe-15. (2)

5.5 Phawula ngokuhlolisisa okushiwo imbongi ebinzeni lokugcina. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

## INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba yakhe kule noveli ethi: *Bengithi Lizokuna.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza udweshu nezinhlobo zalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba. **[25]**

### UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA A

Ngaphambi kokuba alale, wabuye wakhipha iselula esikhwameni. Phela wayekade eyivalile indlela yonke, enqena ukulokhu ephazanyiswa ngukushayelwa ngabantu abababaza lesi simanga asenzile. Kwase kunenqwaba yemiyalezo eyayishiywe ngababeshaye kabamthola. Wayivula imiyalezo, wayilalela. Eminingi yayiphuma kuNkululeko, ekhala, encenga, ebalisa, eqanganisa.

'Ngiyaxolisa Nkululeko bandla. Ngiphoqwa yisimo nami,' exolisa ngenhliziyo, kuhlengezela izinyembezi.

Waqeda ukulalela imiyalezo leyo, washayela unina owayekhihla isililo, ephithanelwe yingqondo, ebalisa ngehlazo athelwe ngalo yindodakazi yakhe. Wambekela isineke uNontobeko, wamchazela konke abakuxoxe noNkululeko. Wake wazama bandla unina ukumbonisa, ukumncenga, ukumkhalela.

'Ngeke ngisaguquka kulesi sinqumo mama,' esho ngezinyembezi, kuzwakala nokho ukuthi iphimbo lakhe linokuzimisela okukhomba khona ukuthi isinqumo asesithathile sekungesokugcina, akasenakuguquka kuso ngisho esencengwa kangakanani.

'Izwe lizothini kodwa bakithi?' kubalisa unina, edazuluka kakhulu futhi.

'Kangisenandaba nezwe mama. Okubalulekile yinjabulo engifuna ukuba nayo esikhathini esizayo.'
'Awu, kodwa bakithi!'
'Sengizovalelisa-ke mama. Ngicela ukusho ukuthi le namba ngizobe ngingasatholakali kuyo kusukela kusasa. Ngiyode nginithinta-ke mina, ngisho ukuthi ngisaphila yini, ngizwe nokuthi nina ninjani.'
'Awu, kodwa bakithi!'
'Ngiyaxolisa kakhulu mama.'
'Awu, bakithi!'
Emva kwalokho wavula isikhwama sakhe, wahosha isithombe sikaMhlengi okwakulokhu kungavumanga ukuba ahlukane naso ngisho esethandana noNkululeko. Kwaba eside isikhathi esigqolozele isithombe sikaMhlengi. Naye uMhlengi wamgqolozela, embuka ngalawo mehlo akhe athambile, ebusweni emamatheka kancane, kuvela lawo mazinyo akhe angaphambili athanda ukuba yizixheke. Wasigqolozela isithombe uNontobeko, wasibamba ngazo zombili, wasibeka esifubeni esase simanzi te yizinyembezi. 'Awu, ngangikwenzeni kodwa Mhlengi uze ungilaxaze, ungishiye nobuhlungu benhliziyo obungaka, nesizungu esingaka, nothando olungaka? Ngangikone ngani s'thandwa sami?' ebihlika kakhulu ekhala.

Esakhala kanjalo welula isandla, wathatha iselula yakhe, wacupha i-alamu kuselula ukuba imvuse ngonkwi, wavula isikhwama, wakhipha amaphilisi okulala ngoba wayengangabazi ukuthi buzogoloza ubuthongo ukufika. Wasukuma, waphephuka eseqonde kusinki, wavula umpompi wawaphuza amaphilisi ayesethembele kuwo ukuthi azomlamulela ekuqwasheni okwakumnyonyobela. Emva kwalokho waphindela embhedeni wazishaya phansi, walala zwi. Waze waphazanyiswa yiyo iselula eyaqandula entathakusa isimkhumbuza ukuthi ubelale efuna ukuvuka kungakasi. Nebala wazamula, wazelula, wavuka walungela ukuhamba. Emva kwemizuzu embalwa wayeselungile, wangena emotweni yakhe wayishaya yazulu esebambe wona umgwaqo omkhulu obheke ezansi.

Nanxa kwakusemnyamana, base bubonakala futhi ubuhle bamagquma ale ndawo. Wabukabuka lobu buhle bendawo, wakhumbula mhla ebubona ehamba noMhlengi besanda kuthandana. Wacabanga uMhlengi wazibona eseyibhula kakhulu imoto. Nansiyana idweba kuthelawayeka, yagijima njalo iyodlula koMargate, Ramsgate. Wabuye wayichezukisa imoto, wangena egaraji wathela uphethroli, wangena naphakathi erestorenti yalapha egaraji, wabiza ikhofi namasemishi, wazama ukudla.

7.1 Shono izinto EZIMBILI eziveza ukuthi umlingiswa onguNontobeko usamkhathalele unina ngokwalesi siqeshana. (2)

7.2 Shono imbangela yokuthi umlingiswa uNontobeko avale ucingo lwakhe ngokwalesi siqeshana. (2)

7.3 Yikuphi okufanayo mayelana nothando phakathi komlingiswa onguNontobeko noNomalanga? (2)

7.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi kulesi siqeshana. (4)

7.5 Chaza ukuthi isenzo sikaDlaba sibe namthelela muni ekugqamiseni indikimba yethemba yale noveli. (3)

7.6 Ucabanga ukuthi isigameko esifihlelwe umlingiswa onguXolani mayelana nokushintsha ubulili bukaMhlengi sisize kanjani ukuthuthukisa indaba? Sekela impendulo yakho. (3)

7.7 Chaza umphumela wokuveza umlingiswa onguNontobeko ekudluliseni umyalezo omayelana nokuthatha izinqumo kule noveli. (2)

7.8 Iyini inhloso yombhali ekwethuleni ikhono lesu lokubikezela emazwini kaNontobeko athi 'uyangethembisa ukuthi ngeke ungilwise uma ngehluleka endleleni'? (2)

7.9 Ngabe uyavumelana yini ukuthi udweshu olwaluphakathi kukaXolani noNdumiso ngenkathi beficana efulethini likaMahlengi yilona olwadala ukuboshwa kukaNdumiso? Sekela impendulo yakho. (2)

7.10 Uyazwelwana noNontobeko kulesi simo azithola ebhekene naso emuva kokuthola uMahlengi? Yikuphi owawungakwenza ukuba kwakunguwe uNontobeko ubhekene nalesi simo? (3)
**[25]**

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba yakhe kule noveli ethi: *Usumenyezelwe-ke Umcebo.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza udweshu nezinhlobo zalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba. **[25]**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA B**

Bahlezi bobabili noNtombi, indlu ibasinda, wakhumbula unina. Imoto wayigcwalisa futhi ngokudla, wanikela eMangwaneni eyoncenga uyise ukuba avume unina adamane ezobahlalisa. Yangena ekhaya inyinyitheka izinhlobonhlobo zokudla nenyama. Wayibuka uMeyili kwaqhilika izihlathi. Wayezwile ukuthi ifa lonke selihlangane nelikaChule lalibuyele kuNomvula, wandisiwe umcebo wakwaMazibuko. Kwaba wukubabingelela nje uNomvula wangena ephinifeni wabaphekela izibiliboco ezehla ngesiphundu. Badla banambitha benambithile.

'Esesi mani. Ngacishe ngenza iphutha ngamnqabela umntanami ukuba ayogana isigebengu,' esho behlezi noMaHadebe kwaMaHadebe belokhu belunguza efasiteleni besibona isilwane semoto sigcwele ibala, ukudla kugcwele indlu.

'Sonke sasiyisola ingane sithi ifa ilithuthela ezigebengwini,' kwenanela uMaHadebe.

'Kanti elakwethu elihlakaniphile alisitsheli ukuthi lisebenzela ekhaya. Lisibuyisele yonke yize isihlakaniphi sasithi sisiphatha ngodaka emehlweni.'

'Dasithi.'

'Mina ngibona sengathi yithuba lokugcina leli. Simlethelwe yiNkosi. Angazi-ke ukuthi uthini namuhla? Noma usasebenzisa leyo nhliziyo engasoze yakucebisa?'

'Ngabe ngenzenjani ngoba ngikhuluma nje kugcwele indlu ukudla? Nasi nesitofu sakwanokusho umntwana usithengele. Kanti ufunani?'

'Wabuza wazi? Ifa leziwula lidliwa yizihlakaniphi. Abantu lapha phandle abahlezi ngezindlebe. Bezwile ukuthi uNomvula usewumzimbukhalizimali kakhulu kunakuqala. Lizohamba.'

'Bese ngithi sedlula lapho.'

Kufanele ungamzweli umntanami ngoba uyindoda. Indoda phela iyaye ithi izele isho kungavundlanga lutho lapha esiswini. Lapha kuwe akuthi diki ngokuthi umntanami wafela ize ethi uyokuzamela ifa.'

'Ngabe ngenzenjani?'

'Sekunoguquko oselwenzekile. UNomvula useyizele indlafa. Baxoshise ngembuzi. Mhlabise, mina ngizobaphekela. Uzosala nathi umntwana lona ukuze silidle kahle ifa kuthiwa siyamkhulisa engasoze akhula.'

'MaHadebe, awukahle ngamawala. Umntanami ucele ukuxoxa nami ekuseni. Ngeke sazi. Mhlawumbe abakwethu sebemkhanyisele. Kukhona kumbe afisa ukusenzela kona ngesihle. Yona leyo nyama uzoyifaka kusiphi isisu njengoba sonke sisuthi kumanje.'
'Iqatha nje layo esiswini sakhe lanele. Wazi ngani? Mhlawumbe uzocela ukuthatha unina ambalekise ayohlala naye esilungwini. Siyophinde silitholephi ithuba elinje? Umuntu uvuma kalula kwezabanye izingane, angingize uma usuthi akwehle ngamphimbo munye nangeyakhe.'
'Hhayi ngamawala. Asingamdlinzeli. Asizwe ngaye.'
'Ngizamela wena ukuba uyeke ukushovana nebhayisikili imihla uyogqilazwa amathilogo akwaLoliwe. Noma mhlawumbe usafuna ukubonana nentombazana yezinhloko zengulube eyabhubhisa izimali zamalobolo?'
'Elinjani leli elithethwa lingapheli? Awungiphumuze.'

Namuhla uNomvula owayepheka edidizela ukuze bangaphekelwa wuMaHadebe. Balala inhliziyo igaya izibozi kunina. Yayifuna ifa, ilifuna lingelakwakhe. Ukusa kwaziwa uNomvula, wavuka wabasa isitofu, wabavusa ngetiye nokudla kwasekuseni abazali. Kusenjalo enconywa, wabakhumbuza ngesicelo sakhe sodatshana ayecela luhlanganelwe luxoxwe. NoMaHadebe wavuka watatazela wabamba isibhuklabhukla sesikhukhukazi wasichutha wapheka.
Kwahlanganwa, uNomvula wakhala ngesizungu nokwesaba anakho ngokuhlala yedwa esiqhimuqhimini somuzi eThekwini.

9.1 Nika izizathu EZIMBILI ezenza umlingiswa onguNomvula afune ukuya eMangweni ngokwalesi siqeshana. (2)

9.2 Shono imbangela yokuthi umlingiswa uMaHadebe athi ingane kaNomvula kumele ihlale nabo ngokwalesi siqeshana. (2)

9.3 Yikuphi okungumehluko mayelana nokufuna umcebo phakathi komlingiswa onguMeyili noMaHadebe? (2)

9.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi kulesi siqeshana. (4)

9.5 Chaza ukuthi isenzo sikaSkiti sibe namthelela muni ekugqamiseni indikimba yale noveli. (3)

9.6 Ucabanga ukuthi isigameko esifihlelwe umlingiswa onguDaffo sokubhala incwadi kukaChule azenze uHK sasingaba namuphi umphumela kuDaffo ukuba wagcina azile? (3)

9.7 Chaza umphumela wokuqanjwa komlingiswa onguNomvula ekuphikiseni umyalezo wobubi bomona kule noveli. (2)

9.8 Iyini inhloso yombhali ekwethuleni ikhono lesu lokubikezela emazwini omculo kaGenyeza atholakala kule noveli athi, 'Ngakutshela ngathi angihambile'? (2)

9.9 Ngabe uyavumelana yini ukuthi udweshu phakathi kukanoNomvula noMahuzu yilona olwagcina lwenze uNomvula ehlukene noGenyeza? Sekela impendulo yakho. (2)

9.10 Uyazwelwana noMaHadebe kulesi simo azithola ebhekene naso emuva kokudla umuthi wediphi? Yikuphi owawungakwenza ukuba kwakunguwe uMaHadebe ubhekene nalesi simo? (3)

**[25]**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba yakhe kule noveli ethi: *Kunjalo-ke.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza udweshu nezinhlobo zalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngokuphumelela kombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba. **[25]**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA C**

USithole wafika e-Adams esefikile uMaNzimande. Wayezenamele nje kade ethole umsebenzi.

'Sewubuyile MaNzimande? Awu washesha namhlanjena!'

UMaNzimande wanganaka nje, waziqhubekela nalokho ayekwenza.

'Eyi nami ngiwutholile umsebenzi wokushayela.' Athi qwebu amehlo uMaNzimande, wafisa manje ukuzwisisa kahle.

'Uzoshayela ntoni?'

'Ngizoshayela amaloli ukuthutha inkucunkucu elokishini.' Kuthi cosololo ukuzwa ukuthi uSithole akasezukuba ngumthwalo nezindleko kuyena. Wayeka yonke into ayeyenza, walungisa ukudla. Ngakusasa ekuseni uSithole wavukela khona emsebenzini. Wawuqala-ke umsebenzi wokuthutha inkucunkucu. Babezungeza yonke indawo elokishini laseMlazi.

Ngelinye ilanga uSithole esenhlabakhefini, wathatha iloli waqonda ngqo emzini kaDumazile. Wafika wama emgwaqweni ngasenhla komuzi, washaya ihudi. Kwavela umsebenzi emnyango. USithole wakhiphela ingalo ngaphandle, wamqhweba. Weza esekhaphuzela. Babingelelana, baphilelana.

'Ngingamthola uDumazile?'

'Yebo. Ngizothi ucelwa ngubani?'

'Mtshele ukuthi ubizwa nguyise kaMtholephi.' Umsebenzi wabuyela endlini. Wamfica uDumazile eselungiselela ukuya emsebenzini. Wayesebenza ebusuku kulelo sonto.

'Kunobaba othi angikubize sisi.'

'Ubaba?'

'Yebo Sisi! Uthe unguyise kaMtholephi.'

'Kodwa uyaphi nje bakithi? Nx, hhayi suka!' Washo uDumazile kwabonakala ukuthi ucikekile. Waphuma endlini uDumazile waqonda elolini phandle.

'Sawubona!' kubingelela uDumazile izinhlonze seziyimvingqi esiphongweni.

'Yebo sawubona! Hawu waqhamuka wedwa, uphi umfana?'

'Uyadlala ngalena kwendlu.'

'Nami bengithi angizonilunguza nje ninomfana. Manje ngangayibona iveni yami ebaleni, ikuphi?'

'Umkhwenyana wami wathumela kwabasezikilebheni ukuba bazoyidonsa.' Wathi dlengelele uSithole ukuzwa uDumazile ekhuluma kanje.

'Kanti wawuqinisile ngempela ukuthi sewunendoda?'
UDumazile aqale angaphenduli. Acikeke uSithole.
'Kodwa yayimxake ngani nje imoto yami izimele ebaleni?'
'Wathi ibanga udoti ebaleni.' Kwathi xhifi futhi kuSithole.
'Kanti ngokabani lo muzi? Niyazi ukuthi mina ngingavele ngiwudayise niphakathi?'
'Cha phela yise kaMtholephi ngeke kwenzeke lokho. Umuzi lona ungowami. Akuyona neze into esingayibanga leyo.'
'Owakho wawuthathaphi?'
'Ngawuthengelwa nguwena.'
'Sengathi ngenza iphutha. Ngifuna ubuyele kimina umuzi wami lo. Ehhe ngiyawufuna bo! Okwesibili ngifuna utshele le ndoda yakho ukuthi ngiyayifuna imali yemoto yami enayidonsela esikilebhuyadi. Ngiyazi ukuthi yakhokhelwa imoto yami lapho. Okwesithathu ngifuna ingane yami ibuyele kimina ngizondlele yona.' Wathi engakalingwinyi nje, thushu i-ambulense. UDumazile waswela umgodi wokucasha. Watatazela ngendlela yokuthi wagcina engasazi okufanele akwenze. Kwake kwathi akayovulela umyeni wakhe isango, kodwa enye inhliziyo yabona ngenye indlela. UMtalaselwa wazivulela isango, wangenisa i-ambulense ngaphakathi. Kwathi angangena uMtalaselwa, wacela ukuba enzelwe itiye. Nempela umsebenzi wabeka amanzi ngeketelo.
'Ngubani lona okhuluma nomkami phandle?'
'Uthe unguyise kaMtholephi.'
Kwathi xhifi kuMtalaselwa, wayesethi: 'Hamb'umbize!' Umsebenzi wathi uyombiza, wahlangana naye uDumazile evele esebuya.

11.1 Nika izizathu EZIMBILI zokuvakasha komlingiswa uSithole emzini kaDumazile ngokwalesi siqeshana. (2)

11.2 Shono imbangela yokuthukuthela kukaMtalaselwa kulesi siqeshana. (2)

11.3 Yikuphi okungumehluko mayelana nobudlelwano noSithole phakathi komlingiswa onguMaNzimande noDumazile? (2)

11.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi kulesi siqeshana. (4)

11.5 Chaza ukuthi isenzo sikaLizy sibe namthelela muni ekugqamiseni indikimba yale noveli. (3)

11.6 Ucabanga ukuthi isigameko esifihlelwe umlingiswa onguSithole sokushiswa kwesitolo sasingaba namuphi umphumela kuDumazile ukuba wagcina azile uSithole? (3)

11.7 Chaza umphumela wokuqamba umlingiswa onguDumazile ekudluliseni umyalezo wesimilo esingesihle wale noveli. (2)

11.8 Iyini inhloso yombhali ekwethuleni ikhono lesu lokubikezela emazwini atholakala ekuqaleni kwale noveli athi, 'Ngeke ngihlukane nothisha uMoloi'? (2)

11.9 Ngabe uyavumelana yini nokuthi udweshu olwaluphakathi kukaSithole noMoloi lwenza ukuba uDumazile agcine ehlukene noMtalaselwa? Sekela impendulo yakho. (2)

11.10 Uyazwelwana noMtalaselwa kulesi simo azithola ebhekene naso emuva kokuthola ukuthi useyagula? Yikuphi owawungakwenza ukuba kwakunguwe uMtalaselwa ubhekene nalesi simo? (3)

**[25]**

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba yakhe kule noveli ethi: *Impi Yabomdabu Isethunjini.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza udweshu nezinhlobo zalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu. **[25]**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA D**

'Cha Ndosi akunjalo. Asinihlinzeli ezibini malume wami okokuphela kwakhe. Indlela esinibonga ngayo ngeyokubuka sinichathazele ukukhanya esesikuzuzile ngemfundo nemfundiso yamazwe nobuzwe bezinye izizwe. Sinihlonipha ngokuba sinembulele imbubhiso egutshezelwe wukungazi. Njengamanje sengikhumbula abaseZimbambwe. Bona bathi uma udonsa igatsha elinamacembe, wamukele namacembe alelo gatsha. Izingane zikaLinono ngamacembe kaLinono. Uma uLinono emuhle kwaNdlovu, kwakufanele nezingane zakhe zibe zinhle. Kwakufanele bazithathe.'

'Cha Bafana, akunjalo. Akukhona eZimbabwe lapha. KukwaZulu. Izingane zikaLinono aziyi kwaNdlovu lapho kwaganela khona uLinono,' kuphika uCele.

'Kunjalo malume. Awuboni yini wena ukuthi sewenza izingane zikaLinono <u>izimfakabili</u> ngokuzihlukanisa nonina.'

'Izimfakabili kanjani Bafana?'

'Izimfakabili ngoba zafa okokuqala zilahlwa ngoyise. Manje sezifa okwesibili ngokulahlwa ngunina. Uma intandane enhle kungumakhothwa ngunina, izingane maziphindele kunina. Izingane zikaLinono ziyamdinga unina.'

Noma amagalelo kaBafana ayemuvuthuza uCele, wayenenkolelo yokuthi naye umi emigqeni angegudlulwe kuyo. Wayezimisela njengendoda, entungela ngisho ophahleni lwendlu efuna izimpendulo. Walibhekisisa ikhishi ababehleli kulo. Wabona ukuthi lalilikhulu kungathi yindlu yonke. Ukumenyezela phansi kwamkhumbuza amabhilidi athile aseThekwini. Wayengaliboni kahle ifiliji ngoba lalifana nawo wonke amakhabethe ayesodongweni lwekhishi. Waze walibona ngenkathi uBafana ekhipha amaqanda. Nosinki wawubona ngoba uBafana egeza izinkomishi abebephuza ngazo itiye. Wazibuka izimbulunga zompompi eziluhlaza nezimbomvu. Baxoxa nje uBafana uthathe ulethisi wase ewusika ngokuwufaka emshinini owaduma kancane. Waphuma ulethisi usuyizicucwana okungathi utshani. Wagalakadisela namaqhuzwana kashizi kulo mshini nawo ushizi waphuma usuyizicucwana. Wawuvuvuzela kulethisi loshizi wabe esebeka izincezu zikatamatisi ezimbili kulesi sidlo. Ngenkathi esifaka lesi sidlo esitsheni sokudla kwasemsebenzini, kwacaca kuCele ukuthi uBafana uzenzela umphako wosuku. Wafikelwa yivesi eyangasalikhumbuli kahle ukuthi lalikuphi, leli vesi lalithi ngezikhathi zokugcina abantu bayokudla utshani.

Waliguduza iBhayibheli ezama ukuthola izinkomba namagalelo ayengawokloza ngawo lesi sisifundiswa esasithi yena Cele-ndini, umvangeli usengumthakathi owenza izingane zikaLinono izimfakabili. Lenqaba nokho iBhayibheli ukusondela. Wazama futhi nokuthola izinkomba namagalelo ayengavithiza lesi sifundiswa esasithi yena mkhulu wabantwana usebenza izimfakabili abazukukulu.

Ngemuva kwalokho kuhlwaya uCele wazizwa esethi, 'Bafana uthi nje uyazi ukuthi babusisiwe abahawukelayo ngokuba bayakuhawukelwa?'
'Ngikwazi kahle lokho malume,' kuphendula uBafana. Waqhubeka wathi, 'Malume ngikwazi kahle lokhu. Futhi ngikuqamelisa ekutheni babusisiswe nabalamulayo ngokuba kuyakuthiwa bangabantwana bakaNkulunkulu.Yikho nje ngilamula mina malume. Labo abayimpi kubantwana ngithanda sibalamule. Masilamule impi phakathi koyise balezi zingane kanye nezingane zabo. Okukhulu kodwa masilamule impi phakathi kwezingane nonina. Wena uyaqhatha ngalokhu kwenza.ULinono ngunina walezi zingane ohleli nazo. Konke okwenzayo kuyimbudane.Kuphambene nesiZulu esithi intandane enhle ngumakhothwa ngunina.

13.1 Nika izizathu EZIMBILI ezenza umlingiswa onguBafana akhumbule izwe laseZimbambwe ngokwalesi siqeshana. (2)

13.2 Shono imbangela yokusetshenziswa kwegama elidwetshelwe kulesi siqeshana. (2)

13.3 Yikuphi okungumehluko mayelana nobudlelwano bomndeni phakathi komlingiswa onguBafana noCele? (2)

13.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhath kulesi siqeshana. (4)

13.5 Chaza ukuthi isenzo sokufunda kuka-Uzithelile sibe namthelela muni ekugqamiseni indikimba yemfundo kule noveli. (3)

13.6 Ucabanga ukuthi isigameko esifihlelwe umlingiswa ongu-*Miss Hawkins* sokuntshontsha imoto sasingaba namuphi umphumela *ku-Euthanasia* ukuba akabanjwanga? (3)

13.7 Chaza umphumela wokuqamba umlingiswa onguVukuzithathe ekudluliseni umyalezo wemfundo kule noveli. (2)

13.8 Iyini inhloso yombhali ekwethuleni ikhono lesu lokubikezela emazwini kaCele atholakala kule noveli athi, 'musa ukuqala amadlozi, uzivusele ulaka lwezithutha mntakadadewethu'? (2)

13.9 Ngabe uyavumelana yini ukuthi udwehu olwaluphakathi *kukaPoppie noBen* ngenkathi bebanga izincwadi yilona olwaqhubela izinkinga *zikaBen* phambili? Sekela impendulo yakho. (2)

13.10 Uyazwelwana *noJohnny* (uBafana) kulesi simo senhlalo azithola ebhekene naso emzini kaMaMthunzi emuva kokulinyalelwa imoto yakhe? Yikuphi owawungakwenza ukuba kwakunguwe *uJohnny* ubhekene nalesi simo? (3)
**[25]**

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

Phendula umbuzo OWODWA.

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

Ukuxoxa izinganekwane kwabe kungukudlulisa umyalezo. Xoxa ngomyalezo othi umhobholo awukhokheli uweyamanise nenganekwaneni ethi: 'Impisi Eyisiminzi', izibongo: 'Isiqhingi Sase-Robben Island'.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane nezibongo. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza umyalezo odluliswa ubuciko bomlomo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi ngomyalezo odluliswa izinganekwane nezibongo.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekuvezeni umyalezo emibhalweni yobuciko bomlomo. **[25]**

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**IZINGANEKWANE: 'UNWABU NENTULO'**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

**ISIQESHANA E**

**Umxoxi:** Kwesukasukela …
**Abalaleli:** Cosu!

Kudaladala, abantu babebaningi kakhulu futhi bengafi. Abantu babekhula baze babe badala kakhulu. Okunye futhi okwakwandisa inani labantu ezweni ukuthi zazingekho izindlela zokuhlela imindeni. Umuntu wayethola izingane njengokuthanda kwakhe. Abantu babeyijabulela leyo mpilo, noMdali wayibona indlela abantu ababejabule ngayo. Ngakho-ke wafuna isilwane esizogijima siyotshela abantu ukuthi uNkulunkulu uthi angeke baze bafe, abahlale ngokujabula.

Izinduna zaphuma ziyofuna isilwane esinejubane elikhulu ukwedlula zonke ezinye izilwane. Ngempela zahlungwa, kwagcina sekusele intulo kanye nonwabu. Kwavotwa-ke kwase kuphumelela unwabu. Kwaba nentokozo enkulu ezweni ngoba ngisho noMdali wayevele efuna ukuthumela unwabu ngokwazi ijubane lwalo. Lwalubaleka unwabu kuphuke izihlahla ubone ngotshani bulala phansi.

'Ngizothuma wena nwabu, gijima uhlabe ngejubane uyotshela abantu ukuthi ngiyabonga ukubambisana okukhona phakathi kwami nabo. Ngizokhombisa ukubonga kwami ngokubaphilisa unomphela. Akekho umuntu ozokufa. Ungalibali, ngizothela amathe phansi, ungalinge-ke ubuye esomile la mathe,' uMdali ekhomba ngekhanda phandle.

Lwaphuma selundiza unwabu. Kwaphuka izihlahla, kwangathi ingongoni iyachitheka. Lwaluthi uma lufika endaweni engumthambeka, lulale ngomhlane lugingqike luze luyofika phansi.

Lwathi uma seluqonde emafusini,lwezwa iphunga lobukhwebezane. Ngeke lenzeke iphutha lokuthi lizizwela iphunga lenye into. Unwabu luyazifela ngobukhwebezane, ngeke lulenze iphutha. Lwathi xhinti ekugijimeni. Lwathi qala qala, luphakamisa inhlokwana luhogela. Lwazithela esihlahleni sobukhwebezane. Asithelile siyantenga isihlahla, sifuna ukuvuma phansi. Abuvuthiwe ubukhwebezane bujuza amanzana okwezindoni ezivuthwe kahle.

'Ngeke ngishiye ubukhwebezane sengibutholile, kunokwenzeka ukuthi ngibuye sebekhona asebengeqelile. Bazowuthola umyalezo wabo abantu, abake bame kancane, bahlukane nje nami. Nami phela ngiyafuna ukuzijabulisa,' kusho unwabu seluzikhulumela lungazwanga muntu.

15.1 Yisiphi isizathu esenza inani labantu bande kakhulu emhlabeni? (1)

15.2 Chaza kafushane isigameko esenziwa wunwabu esaholela ekuqanjweni kwesisho esithi, 'ukuba wunwabu' ubhekise kulesi siqeshana. (2)

15.3 Chaza ukuthi impendulo yalesi siphicaphicwano esingezansi ixhumana kanjani nomlingiswa otholakala kule nganekwane:

Ngikuphica ngomkhwenyana wami ongathwali masudu kodwa owashintsha ewashintshile. (2)

15.4 Phawula ngokusetshenziswa kwesaga esihambelana nale nganekwane. (3)

**KANYE**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

**INGANEKWANE: 'ISIBINDI SIKAGALA KANODADE BIYELA'**

**ISIQESHANA F**

Lasukuma iqhawe lakwaBiyela, uGala, 'BoBiyela abahle ngizimisele ukuya esilweni uShaka ngiyocela ukuthi sime isibindi ngokusehlele. Ngizosicela sigwinye itshe ngoba siphelile isizwe sibulawa yindlala.'

Wathi uNsansa ezwa la mazwi, wabaleka naye eshiya umhlangano usaqhubeka.

Inkosikazi kaGala yahayiza icela ukuthi abomndeni bazame ukumbonisa uGala ngengozi azobhekana nayo. Akekho obhekana neSilo uShaka asinde.

Bakhuza abakwaBiyela behluleka. Kwakungelula ukubonisa uGala uma esethathe isinqumo, unguxamukavinjelwa. Ngelanga elilandelayo ekuseni, uGala wayeqephuza ekhuleka esangweni lasesigodlweni.

'Nodumehlezi kaMenzi! Sesikhale kwaze kwasha namathe ngokukhothama kweNdlovukazi. Gwinya itshe Ndabezitha!' UGala eduduza iSilo uShaka.

'Isizwe sakho Ndaba sesingaze sife sonke siphele? INkosi yami engiyithandayo nengiziqhenyayo ngayo izobusa bani ngoba abantu bayo bafa nsuku zonke? Isilo sizohlasela ngani? Ayaziphephukela ehamba amabutho ngenxa yokudlala indlala.Gwinya itshe Ndabezitha !' Waqhubeka uGala nokubongelela iSilo uShaka.

Eqeda ukusho lawa mazwi uGala, kwandiza inyoni yahlala ehlombe likaGala yezwakala ikhuluma ithi, 'Silo, Ndabezitha, lalela izexwayiso nezeluleko ngoba isizwe sizoshabalala uma ungagwinyanga itshe.' Yasuka yandiza inyoni yabuyela ehlathini. Wethuswa yilesi senzo senyoni uGala.

Yajabula inkosi uShaka uma ithola iqhawe elifana noGala futhi elikwazi ukuvusa isilo uma sinhlanhlatha. 'Mdlaka naweNzobo, sekungaze kusuke uGala le eMkhuze azongibonisa yize nikhona? Ningamadoda anjani angakwazi ukungeluleka?' Sasho ngolaka iSilo sibhekise koMdlaka.

Abakwazanga ukuphendula ngaphandle kokuxolisa ngephutha abalenzile.

'Buyela emzini wakho Gala udle, usenge ubuye usebenze nasemasimini nomndeni wakho,' yasho inkosi uShaka ijamela uGala.Yaqhubeka yathi kuMdlaka, 'Nina tshelani abantu bami ukuthi ukuzila kuphelile. Kuhle baqale ukudla nokusebenza,' simemeza iSilo. Wakhuleka uGala wagoduka ethokozile, sabe siyasinda kanjalo isizwe saKwaZulu endlaleni.

**Umxoxi:** Cosi, cosi iyaphela.
**Abalaleli:** Yaze yamnandi indaba!

15.5 Gagula uhlobo lwale nganekwane engenhla bese unika nesizathu sempendulo yakho. (2)

15.6 Uyavumelana nombono othi kukhona ubudlelwano phakathi kwale nganekwane kanye namahubo athi, 'Uyamemeza okaNdaba'? Sekela impendulo yakho. (2)

15.7 Phawula ngokubaluleka kanye neqhaza elibanjwe izinganekwane empilweni yethu ekugqamiseni indikimba etholakala enganekwaneni ethi 'Unwabu nentulo' kanye nenganekwane ethi 'Isibindi sika Gala kaNodade Biyela'. (3)

**KANYE**

Fundisisa lobu buciko bomlomo obulandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G (Sihlanganisa izibongo, ihubo, izithakazelo nesaga.)**

**IZIBONGO: 'IZIBONGO U-DKT. SIBONGILE ZUNGU'**

Injini kagandaganda omanxakanxaka
Oth' ushayiswa umuhluzwa
Kwafana nokuthela amanz' edadeni;
Igiya eliya phambili liyangena
Eliya emuva alingeni.
Ugandaganda omagiy' aya phambili,
Ugandaganda ongayi emuva.
Isihlahl' esigabe ngezithel' ezimnandi
Inguduza edukuze efwini kwakhanya
Yakhomba indlela kwabona nemvukuzane.
Zachwensa izichwensi zokuchwensa
Badelel' abazazi bona,
Wagwiny' amathe, uDokotela,
**Wakhwehlela kanye, zehla izihlathi.**

UDokotel' odokotel' isizwe ngemfudumalo
Abanye bedokotela ngezinsungulo,
UDokotel' odokotel' isizwe ngentuthuko
Abanye bedokotela ngezibuko.
Isizwe sonke siwuzwile umjovo
Usijove ngomjovo wothando,
Wasijova ngomjovo wentokozo,
Abangaphilanga yilab' asebeyoxakwa ngobisi.
Awukho umjovo wabangaphilanga ngekhanda.
Umfazi omabelemade,
Umbele ugwansile;
Nonganeno komful' uyancela,
Nongaphesheya komful' uyanela.
Ungalifun' ukhala nal' emlonyeni,
Omuny' ulidukluza ngezibhakela,
Omuny' aliklwebhe ngezinzipho
Eth' ujezisa' unina
Kant' uzilambisa yena.

**IHUBO: NOMA KUNZIMA**

Igosa: Noma kunzima
Abasebenzi: Siyaya noma kunzima, siyaya

**IZITHAKAZELO: ZULU!**

Zulu!
Mageba!
Nkosinkulu!
Nina bakaMjokwane kaNdaba!
Nina bakaPhunga noMageba!
Sizukulwane sikaNtombela.
Malandela!
Nina bakaSenzangakhona kaJama,
Nin' enizal' uShaka kashayeki
<u>ILemb' eleq' amany' amalembe</u>.

**ISAGA**

Intuthwane iyayithwala indlovu

15.8 Tomula uhlobo lokuxhumana olutholakala ebinzeni loku-1 ezibongweni ezingenhla. (1)

15.9 Chaza kafushane okufanayo phakathi kwehubo elithi, 'Noma kunzima' kanye nezenzo zikaDokotela uZungu ezitholakala ebinzeni loku-1 ezibongweni. (3)

15.10 Iyini inhloso yembongi ekusebenziseni amagama adwetshelwe kulezi zithakazelo? (2)

15.11 Ngokwakho ukubona ngabe imbongi ifanele yini ukungathekisa imfundo ngombele ezibongweni ezingenhla? Sekela impendulo yakho. (2)

15.12 Phawula ngesaga esingenhla ukuthi sinamthelela muni emlayezweni otholakala kulezi zibongo? Bhekisa impendulo yakho emagameni abhalwe ngokugqamile. (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

## ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Hlolisisa impumelelo yombhali ekwethuleni indikimba kulo mdlalo othi: *Kudela Owaziyo*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza indikimba.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni indikimba ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekwethuleni indikimba kulo mdlalo. **[25]**

### UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA H

(*Emini,eselini yasezitokisini esiteshini samaphoyisa eSundumbili, kuzwakala ukuvuleka nokuvaleka kwezihengqo nezicabha.)*

ZAYEKA: *(Ngezwi eliphakeme)* Ehhe! Ufunwa yisivakashi sakho engisishiye laphaya emhubheni okubonanelwa kuwo. Shesha-ke Memela ngilandele …
*(Ngokushesha babe sebesemhubheni lowo wokubonana nezivakashi.)* *(**Kuqhilike izihlathi kuMdaluli** uma esebona lesi sivakashi sakhe.)*

ZAYEKA: *(Athinte isikhwehlela kancane bese ethi)* Ngininika imizuzu engamashumi amathathu nje kuphela nisaqhuba ingxoxo yenu. Angidluli futhi lapho.

MDALULI: *(Uyamamatheka)* Ngibonga kakhulu mkami ngaleli thuba osungihlelele lona wadela yonke imisebenzi obuyenza wabona kufanelekile uzongibheka ukuze uzongikhulula kulokhu kucindezeleka komqondo enginakho okubangelwa wukuvalelwa kule ndlu emnyama engiqgunywe kuyo. Sekuyangicacela-ke manje ukuthi unothando lweqiniso wena hhayi olokuzenzisa ngoba nakhu phela usalokhu ungikhathalele yize ngikule ndawo ebucayi kangaka. Sekuyangikhanyela bha futhi manje ukuthi lezi zinkomo engakulobola ngazo azehlanga ngohologo kepha zalobola umuntu wesifazane ofanele ngempela noyithatha njengento ebaluleke kakhulu impilo yomyeni wakhe.

MAMLANDULI: Ingani phela ngiqonde ukukukhombisa baba wabantabami ukuthi anginanxa neze nawe mina, nginjalo nje futhi angikubambele magqubu ngokwenzekile izolo. Ngithanda wazi futhi ukuthi akusimina okubizele amaphoyisa, naphezu kwakho konke lokhu angikujabuleli neze ukulethwa kwakho lapha.

MDALULI: *(Uyamamatheka)* Ngiyabonga mkami ukuzwa amazwi amnandi kanjalo ephuma ezindebeni zomlomo wakho. Ngizizwa nginelikhulu iqholo leli ngawe mkami njengoba usangikhombisa nje ukuthi awungilahlile neze wena. Bengingabuye ngikhunjulwe ngubani konje omunye mkami ngikule ndawo enzima kanje nozongimisa idolo anginike ithemba ngingasakhunjulwanga nguwe? Nokho inkonzo yakho yomusa noxolo ayipheleli neze lapha mkami othandekayo. Umsebenzi osakuhlalele ngowokuba uyongincengela indodakazi yesule leli cala engivulele lona emaphoyiseni. Uyitshele ukuthi ngiyazehlisa ngiyazithoba kuyo ngoba sengiwabonile amaphutha ami futhi ngizimisele ngayo yonke indlela ukuwalungisa ngenxa yokuzisola esenginakho.

MAMLANDULI: *(Uyamoyizela)* Khululeka ukhukhumale ugcwale isitaladi wena ufane nomabhalane. Ukwehlukana kwami nawe lapha ngiyasuka ngiqonda ngqo kuyena uLondiwe lona ngiyombonisa ehlise umoya esule leli cala. Yinto engingayixheguli nakuyixhegula nje leyo. Ukuthi uzokwenza njengoba ngizombonisa nje athobele intando yami ukuze ugqashule kula maketango obuqgili basezitokisini akukinatele myeni wami. Ngiyazi phela usangihlonipha mina ngakho-ke uzokwenza lokhu okuthandwa yimina ehlele ngezansi.

17.1 Yimuphi umoya otholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

17.2 Chaza kafushane isigameko esiholele umlingiswa onguMdaluli ukuba akhulume la mazwi abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana. (2)

17.3 Nikeza okufanayo ngokuvezwa komlingiswa onguMbhebhezeli noMemela mayelana ngokwezinkolelo zabo kulo mdlalo bese uyasekela ngokwencwadi. (3)

17.4 Chaza kafushane ukuxhumana kwenkulumo-mpendulwano phakathi kukaMaMlanduli noMdaluli nesenzeko esenzeka emuva kwalokho. (3)

17.5 Iyini inhloso yombhali yokuphetha isakhiwana somdlalo ngokuboshwa kwesikhulu sezomNyango wezaseKhaya uHeshane? (2)

17.6 Qhathanisa inkulumo kaHlengiwe ngenkathi eshelwa uChivenga etholakala kulo mdlalo kanye nesenzo sikaChivenga sokufuna ukuba yisakhamuzi. (2)

17.7 Chaza ubudlelwano phakathi kukaMdaluli, noChivenga kanye nendikimba yalo mdlalo. (3)

17.8 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela wesimo senhlalo phakathi kukaMdaluli noMbhebhezeli ukube uMdaluli wezwa ngokuvakasha kukaMbhebhezeli esibhedlela? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)

17.9 Ngokwakho ukubona, ngabe umlingiswa onguMdaluli ufanele yini ukubuza lo mbuzo odwetshelwe kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

17.10 Phawula ngenkulumo kaMaMlanduli ethi, 'Khululeka ukhukhumale ugcwale isitaladi wena ufane nomabhalane', kulesi siqeshana uyiyamanise nezenzeko ezehlakalele uMdaluli kulo mdlalo. (3)

**[25]**

## UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)

### *AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa

Hlolisisa impumelelo yombhali ekwethuleni indikimba kulo mdlalo othi: *Awuwelwa uMngeni*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza indikimba.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni indikimba ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekwethuleni indikimba kulo mdlalo. **[25]**

## UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)

### *AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA I

| | |
|---|---|
| SALIMANI: | Amalungiselelo ale mbizo-ke sizowenza kusasa ekuseni. Ngakho-ke kuyoba kuhle niphelele nonke lapha ekuseni njengoba ningakanje. Wena-ke Mphiliphili ubovuka ungiyele kwaVimbingwenya kuMcondo ukhuphuke naye azolalela ngalana. Ngoba naye uyobe egibele nawe uBheswa angakubophelela elinye ihhashi kwawami ezithunywa ugibele.Udaba enginibizele lona ziqonga zesizwe sikaBaba nalo lungolubucayi ngeyalo indlela. **Lolu udaba lobuxoki.** |
| MPHILIPHILI: | (*Axwaye.)* |
| SALIMANI: | (*Ababale ngamehlo.)* Ngaphambi kokuba singene shi kulona. Ngithanda ukunikhumbuza ngento engethembayo ukuthi nonke niyibonile kuthangi yenzeka emahhovisi kaNdabazabantu eMgungundlovu. Niyakhumbula uZithulele eqhweba uMphiliphili noNgoza behleba bobane noSomtsewu laphaya etafuleni? |
| ABAFOWABO: | Yebo! |
| SALIMANI: | Ngithanda uMphiliphili akasixoxele-ke ukuthi bebedingida ziphi nala Madoda *(Kuthule kuthi cwaka kube sengathi kakusavunguzi kwamoya wodwa lona.)* |
| MPHILIPHILI: | (*Akhophoze. Abakaze.)* |
| SALIMANI: | Khuluma phela sizwe Mphiliphili. |
| MPHILIPHILI: | *(Agwinye amathe kuze kube kathathu elinga ukukhuluma kodwa ulimi lugcwale umlomo.)* |
| MCANJANA: | INkosi ithi khuluma nduna sizwe, kungabe kawuzwanga yini? (*Efutheka.)* |
| MPHILIPHILI: | Be … be … bebebuza indlela wena kaMshwilansimbi. |
| SALIMANI: | Bebebuza indlela eyaphi? (*Ngesineke.)* |
| MPHILIPHILI: | Indlela eza lapha eTsheni, Ngwazi. |
| MBONGOLO: | Tshela iNkosi iqiniso ungashonisi ilanga *(ebheka uMphiliphili kabi.)* |
| SALIMANI: | Mphiliphili! Mphiliphili! *(Embheka sakumdabukela.)* |
| MPHILIPHILI: | Ngwazi! |

| | |
|---|---|
| SALIMANI: | Tshela mina ukuthi yini lena ebenihlangene ngayo ngamakhanda niyihleba noNgoza nezikhulu zikaHulumeni mina ngingazi ngikhona ngiyiNkosi yakhona? *(Athande ukuhwaqabala.)* |
| MPHILIPHILI: | Wena, wena wangasenhla bebebuza ukuthi ukuza kwakhe uSomtsewu ngesicelo seNkosi yami thina sikubona kuphephile yini. |
| ABAFOWABO: | Hhawu! |
| NOMEHLO: | Nanko-ke amanyala anyanyisayo! |
| SALIMANI: | Benikhuluma ngami? Nihleba? Uhleba inkosi yakho Mphiliphili? |
| MPHILIPHILI: | Phi … phind … e … e Manyosi. |

19.1 Yimuphi umoya otholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

19.2 Chaza isigameko esiholele umlingiswa onguSalimani ukuba akhulume la mazwi abhalwe ngokuqgamile kulesi siqeshana. (2)

19.3 Nikeza okungumehluko ngokuvezwa komlingiswa onguZithulele kanye noSalimani mayelana nokuklanywa kwezwe bese uyasekela ngokwencwadi. (3)

19.4 Chaza kafushane ukuxhumana kwenkulumo-mpendulwano phakathi kukaSalimani noMphiliphili nesenzeko esenzeka emuva kwalokho. (3)

19.5 Iyini inhloso yombhali yokuphetha umdlalo ngokuthi icala lasenkantolo yaseMgungundlovu limthethe uSalimani? (2)

19.6 Qhathanisa inkulumo yonongqayi etholakala kulo mdlalo kanye nenkulumo yabantu bakaMgqabuli mayelana nempi nesenzo sokuklanywa kwemingcele. (2)

19.7 Chaza ubudlelwano phakathi kwezindawo uMkhabela, uMngeni kanye noVimbingwenya kanye nendikimba yalo mdlalo. (3)

19.8 Ucabanga ukuthi waba njani umphumela wesimo senhlalo phakathi kwejaji laseMgungundlovu kanye noZithulele emuva kokuphela kwecala? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)

19.9 Ngokwakho ukubona, ngabe umlingiswa onguMcanjana ufanele yini ukubuza lo mbuzo odwetshelwe kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

19.10 Phawula ngokusetshenziswa kwamazwi akubakaki athi, '*Embheka sakumdabukela*', kulesi siqeshana uwayamanise nezigameko ezehlakalele iNkosi uSalimani kulo mdlalo. (3)

**[25]**

**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE*** **– EJ Mhlanga**

Hlolisisa impumelelo yombhali ekwethuleni indikimba kulo mdlalo othi: *Ubhuku Lwamanqe*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza indikimba.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekuvezeni indikimba ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekwethuleni indikimba kulo mdlalo. **[25]**

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE*** **– EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA J**

| | |
|---|---|
| PHINDISIWE: | *(Ngokufutheka)* Sikhohlakalindini ufunani? Hlukana nomoya wami. Kangikuhluphi ngalutho ngoba savumelana ukuthi le mfihlo yaziwa yithina sobabili. Ngalokho ube uyagcina ngci ukushaya ucingo ngalesi sikhathi. Ngingaze ngilahlekelwe okukhona ngokungekho. *(Alushaye ngesikhulu isankahlu ucingo. Aqonde lapho kungena khona intambo yocingo afike alunyomule.)* |
| THAMSANQA: | *(Ngomoya ophansi.)* Ngisaphinda futhi ngibuza ukuthi ngubani lona othi akahlukane nawe Phindisiwe? |
| PHINDISIWE: | *(Ziyime emthumeni.)* Awaqanule ngokunye amehlo ngoba ubecabanga ukuthi uThamsanqa akezwanga. Ngelokubibitheka. Sithandwa, kusho ukuthi awukangithembi nanamuhla lokhu? *(Agqolozele uThamsanqa ngemvula yezinyembezi.)* |
| THAMSANQA: | Ukusho ngani lokhu? Ungizwe ngithini? *(Akhiphe izibuko abheke ngakumkakhe.)* Munye umbuzo enginawo owokuthi uma ubusezinyathelweni zami ubungasixazulula kanjani lesi simo engibhekene naso manje? |
| PHINDISIWE: | *(Awushaye indiva lo mbuzo. Azwakale esethi …)* Uthando luyabekezela. Ngisho ngoba enkonzweni namuhla bekukhulunywa ngayo indaba yokuzindlelana. *(Luthi heqe uvalo. Athule kancane ezwe inhliziyo ishaya ngamandla. Abambe isifuba okomuntu ophelelwe ngumoya.)* |
| THAMSANQA: | Kwenzenjani Phindisiwe? *(Aphuthume afike ambambe ngesandla.)* |
| PHINDISIWE: | *(Ngephimbo elihiqizayo)* Akulutho, into nje nginovalo olungidabula inhliziyo. *(Kube ngathi uyantengezela abambelele ehlombe likaThamsanqa.)* Ngicela ungiphuzise amanzi. |

THAMSANQA: *(Eqonda ekhishini emkhelela amanzi ngenkomishi. Amnikeze. Athathe umthamo owodwa inkomishi ayibuyisele esandleni sikaThamsanqa.)* Lukhulu luyenzeka lapha kuwe. Angazi-ke noma ukwethembana sekwaphela yini? Ngiyakhumbula ukuthi savumelana ngokungagodlelani izifuba, ngingazi-ke ukuthi sekwashintsha yini? Engikushoyo-ke ukuthi le nkinga kasilali singayixazululanga, engagcina kungumgomo waleli khaya ukuthi akulalwa omunye esathukuthele. Kuyangixaka-ke uma sekunenguquko engingayaziyo. Usungahluleka ukuqeda inkomishi eyodwa yamanzi? Akekho-ke omunye owaziyo nguwena wedwa.

PHINDISIWE: Sekwanele. *(Angene endlini yangasese. Asule izinyembezi esezigcwele ubuso. Uvalo kaluzibekile phansi. Kumfoma izithukuthuku. Imicabango iyanyathelana. Agcine ngakho ukuphimisela.)* Nkosi yami kodwa ungilahlelani na? Nokuba ngamtshela uThamsanqa … a *(Ezwe isandla simthinta ehlombe langakwesokudla.)*

THAMSANQA: Nokuba wangitshelani Phindisiwe?

PHINDISIWE: Ungakhathazeki. *(Abalekise amehlo akhe abuke phezulu ophahleni lwendlu abakuyona.)*

THAMSANQA: Ngingahlala kanjani ngingakhathazeki ngikubona ungaphathekile kahle? Wena uthi ngithule ngingasho lutho? Uyabona Phindisiwe, ngeke ngikuphoqe ukuthi ungitshele uma ungafuni. Kunye-ke engikucelayo, uma usuzimisele ukukhuluma wongazisa. *(Abuyele ekamelweni amshiye emi esibukweni esasula izinyembezi.)*

PHINDISIWE: *(Athule afe okungathi akezwanga. Eqhubeka ekhuluma yedwa …)* Emuva kweminyaka engaka pho? Ngingamtshela ngithini uThamsanqa le ndaba? Kungcono ngife nayo. Ngizingcwabe ngiphila? Kodwa manje. *(Ziwohloke futhi izinyembezi. Azesule ngendwangu yakhe yokugeza. Athi ukuzibukabuka eselungiselele ukuyolala.)*

21.1 Yimuphi umoya otholakala enkulumeni kaThamsanqa emveni kokuba eye ekhishini eyokhelela uPhindisiwe amanzi? Sekela impendulo yakho. (2)

21.2 Chaza isigameko esiholele umlingiswa onguPhindisiwe ukuba akhulume la mazwi akhe okuqala kulesi siqeshana. (2)

21.3 Nikeza okufanayo ngokuvezwa komlingiswa uMathonsi noThamsanqa ngokwenkolo yabo kulo mdlalo bese usekela impendulo yakho ngokwencwadi. (3)

21.4 Chaza kafushane ukuxhumana kwenkulumo-mpendulwano phakathi kukaThamsanqa noPhindisiwe nesenzeko esenzeka emuva kwalokho. (3)

21.5 Iyini inhloso yombhali yokuphetha umdlalo ngenkondlo eqondiswe kuThamsanqa? (2)

21.6 Qhathanisa ukuxhumana phakathi kwenkulumo kayedwana kaPhindisiwe etholakala kulesi siqephu kanye nesenzo sikaNkululeko sokuyofuna ingane yakhe emzini kaMathonsi. (2)

21.7 Chaza ubudlelwano obukhona phakathi kukaNkululeko, uSikela, uMaqoma noPhindisiwe kanye nendikimba yalo mdlalo. (3)

21.8 Ucabanga ukuthi wawuyoba njani umphumela wesimo senhlalo phakathi kukaThamsanqa noPhindisiwe emuva kokuphela kwesigwebo sikaPhindisiwe? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)

21.9 Ngokwakho ukubona, ngabe umlingiswa onguThamsanqa ufanele yini ukubuza lo mbuzo odwetshelwe kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

21.10 Phawula ngokusetshenziswa kwamazwi akubakaki athi, '*(Ziyime emthumeni.)*', kulesi siqeshana uwayamanise nezenzeko ezehlakalele uPhindisiwe kulo mdlalo. (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha